ISAZISO NGESICELO SELAYISENSE YOKUSEBENZISA AMANZI NGOKULANDELA ISIGABA 21 SOMTHETHO KAZWELONKE WAMANZI KA 1998 (UMTHETHO 36 KA 1998) (NWA) NGEMISEBENZI ESEBENZISA AMANZI EYENZEKA ENDAWENI YEMAYINI YENIKHELI ENKOMATI, KUSIFUNDAZWE SASEMPUMALANGA

WATER USE LICENCE APPLICATION

Isaziso esikhishwe ngokwemigomo ye-Government Gazette 40713, uMthethonqubo 267 wangomhla zingama-24 kuNdasa 2017 (Izidingo Zenqubo Zokufaka Isicelo Selayisensi Yokusebenzisa Amanzi kanye Nezikhalazo)

Abakwa Africa Rainbow Minerals Limited basebenza Imayini Yenikheli eNkomati (Imayini iNkomati). INkomati itholakala kuMasipala Wendawo i-Albert Luthuli, ngaphansi kukaMasipala Wesifunda iGert Sibande, kuSifundazwe saseMpumalanga, cishe amakhilomitha angama-35 empumalanga ye-eNtokozweni (Machadodorp), futhi itholakala ngaphakathi kwendawo yokudonsa amanzi ye-quaternary catchment X11J.

INkomati yanikezwa amaLayisensi amaningana okusetshenziswa kwamanzi (WULs), kanti eyakamuva kakhulu yi-WUL 05/X11J/F/16885 yangomhla ziyi-19 kuMandulo 2025, ethatha indawo ye-WUL 05/X11J/CFI/15488 yangomhla ziyi-19 kuZibandlela 2024.Le Layisensi Yokusetshenziswa Kwamanzi (WUL) igunyaza ukusetshenziswa kwamanzi ngaphansi kweSigaba 21(c), 21(f) kanye no-21(i), okungukuthi amapayipi amathathu eqa phezu kwemifudlana engagelezi unyaka wonke, kanye nokukhishwa kwamanzi angcoliswe yimisebenzi yezimayini afinyelela ku-5 456 750 m³/a ngonyaka, ngemva kokuba esehlanziwe esikhungweni se-Reverse Osmosis (RO), ayiswe emfudlaneni i-Adit (oyigatsha le-Gladdespruit)).

INkomati ihlongoza ukuhluza nokukhipha amanzi engeziweasuka kulesikhungo esigunyaziwe kuthi nawo agelezele kumfudlana i-Adit. Umthamo ophelele wamanzi azohluzwa nazochithwa ungamakhiyubhi angu 8 011 750 m³/a kanti lokhu kuzokwenziwa kuSiqephu 0 sepulazi i-Uitkomst 541JT. Kanti lamanzi okuhlongozwa ukuwahluza nokuwachitha awadingi ushintsho lwemvume ekhona yokusebenzisa amanzi (DMRE Inkomba: (MP) 30/5/1/2/3/2/1(146) EM) futhi nengqalasizinda yokuchitha amanzi angeke ishintshe (isakhiwo sokuchitha).

Ukusetshenziswa kwamanzi okulandelayo kuyingxenye yephrojekthi:

- Isigaba 21(f): Ukuchitha amanzi kumbe ukuchitha amanzi anokungcola ahanjiswa ngepayipi, umsele, isitamukoko, usebe lolwandle kumbe omunye umgudu.

Abakwa-WSP Group Africa (Pty) Ltd (WSP), ochwepheshe nonjiniyela abazimele, baqokiwe ukuphatha uhlelo lokubamba iqhaza komphakathi olumayelana neSicelo Selayisensi Yokusetshenziswa Kwamanzi ngokulandela Umthetho kaZwelonke Wokusebenzisa Amanzi ka 1998 (Umthetho 36 ka 1998) (NWA).

UMPHAKATHI UYACELWA UKUBA UPHAWULE NGOHLELO LWESICELO SEMVUME YOKUSEBENZISA AMANZ

Abathanda ukuphawula bayacelwa ukubhalisa Njengabantu Abathintekayo Nabanentshisekelo nokuthi bathumele imibono yabo ebhaliwe mayelana nohlelo lokusebenzisa amanzi okuhlongozwayo ungakashayi umhlaka **12 kaNhlolanja 2027**. Izinsuku ezingu 60-zokuphawula ziyoqala mhlaka **20 kuLwezi 2026** ziphele mhlaka **12 kuNhlolanja 2027**. Abathanda ukubhalisa nokuphawula ngamakhompiyutha bangab-halela kuwebhusayithi elandelayo: https://www.wsp.com/en-za/services/public-documents.

Abakwa-WSP bazocubungula imininingwane ethile ngawe njengomuntu othintekayo nonentshisekelo ngesizathu sokwenza ukuba ubhaliswe njenge I&AP ukuze futhi kugcinwe imininingwane yakho emabhukwini ethu lokhu sikwenza ngemvume yakho. Abakwa-WSP basebenzisa lemininingwane ukukuthinta ngeminye imisebenzi yesikhathi esizayo. Abakwa-WSP bazocubungula imininingwane yakho ngokulandela Umthetho Wokuvikela Imininingwane Yabantu, ka 2013 (Umthetho 04 ka 2013). Unegunya lokusebenzisa ilungelo lakho njengomuntu okuqoqwa ulwazi ngaye ukuba usazise uma ufisa ukwesulwa njenge-I&AP kumbe uma ungasathandi ukuba imininingwane yakho igcinwe emabhukwini ethu.	**UKUTHOLA ULWAZI OLWENGEZIWE, SICELA USITHINTE KANJE:** Ihhovisi Lokubandakanya Umphakathi; WSP Group Africa (Pty) Ltd; Tel: 011 361 1300; E-mail: pp@wsp.com **WSP Reference No:** ZA0085608.7908	**Or scan the QR code**




Figure 1: Locality of the project site